**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

   **QAPHELA:** Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwebo/ayifloshadi/ amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi ayi-100
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-(2 x 40) 80

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

## UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo noma isihloko sendaba yakho.

1.1 Laphenya izulu, kwavela uthingo lwenkosazana **[50]**

1.2 Impilo yabantu isengcupheni ngemikhiqizo engekho ezingeni elamukelekile **[50]**

1.3 Ukuphumelela kwami kube ngumphumela wokusebenza kanzima **[50]**

1.4 Izingane zezigwili zingehluleka ukuzimela uma sezikhulile **[50]**

1.5 Ukukhethela abafundi izifundo okufanele bazifunde kuyalikhinyabeza ikusasa labo **[50]**

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6, 1.7 NOMA 1.8 bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6




[Sithathwe ku-www.pixaby.com] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

2.1 **INCWADI YAKOMKHULU/YASEMTHETHWENI/YOMSEBENZI**

Usufike ebangeni lokuya enyuvesi emuva kokuphumelela kahle eBangeni le-12.

Bhala **incwadi yesicelo** somfundaze eya kuMasipala walapho uhlala khona, ucele usizo lwemali yokuyofunda enyuvesi. **[25]**

2.2 **INKULUMO-MPENDULWANO**

Umzali wakho ukhuluma nothisha wekilasi ofunda kulo mayelana nemiphumela yokuhlolwa kwakho kwaphakathi nonyaka.

Bhala **inkulumo-mpendulwano** ephakathi kukathisha nomzali wakho. **[25]**

2.3 **I-ATHIKHILI YEPHEPHANDABA**

Abantu bachitha isikhathi esiningi ezinkundleni zokuxhumana ngezinto ezingakhi.

Bhala **i-athikhili yephephandaba** ubeke umbono wakho ngalolu daba. **[25]**

2.4 **I-IMEYILI**

Ubuye eMnyangweni Wezasekhaya ukuyobhalisela umazisi. Impatho oyitholile ayibanga yinhle.

Bhala **i-imeyili** ukhononde kumphathi woMnyango ngalesi sehlo. **[25]**

2.5 **INKULUMO ENGALUNGISELELWE**

Eqenjini lebhola olidlalelayo kufike abadlali abasha. Ucelwe ukuba wethule inkulumo yokubamukela njengoba ungukaputeni.

Bhala **inkulumo engalungiselelwe** ozoyethula ngosuku lokwamukelwa kwalaba badlali. **[25]**

2.6 **UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

Bekunomncintiswano wonobuhle noswenka esikoleni ofunda kuso. Kusuke uthuthuva ngemuva kwemiphumela yomncintiswano eyayingagculisi.

Bhala **umbiko ongabekelwe mgomo** ozowethulela uthisha ophethe isigungu sabafundi. **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**